**MFUMFU-2016**

**MHLOBO OTHANDEKAYO**

Kuyithuba elihle ukuba ngihlanganyele nawe emkhulekweni womhlaba wonke. Uyilunga eliqavile kwithimba likaPH elikhuleka emhlabeni wonke. Uthando, nomkhuleko wakho kubaluleke kakhulu, ikakhulukazi kulesisikhathi!

Ngifisa sonke sibuke ukuthi kusho ukuthini ukulambela nokomela uNkulunkulu. Kusho ukumazi kangcono, ukumdumisa kangcono, ukubalekela kuye sithole ithemba nokuphiliswa uma silimele. Kusho ukuthola esikulangazelela kakhulu, uba uMdali wethu, uMenzi womphefumulo wethu.

Ngikholwa ukuthi abesifazane abalambele uNkulunkulu bangawushintsha umhlaba ngoJesu. Ukuze sikwenze loko asiqhubekele phambili ezintweni zikaNkulunkulu sisuthise umphefumulo wethu. Ngakho ke asakhe isikhathi esingeziwe sokufuna uNkulunkulu.

UJesu wathi: “Babusisiwe abalambele bomele ukulunga ngokuba bayakusuthiswa” (Mathewu 5: 6)yini ndaba singaboni ubukhulu namandla kaNkulunkulu kulezizinsuku? Ingoba sigcwele izinto eziningi okungezona ezikaNkulunkulu.

Ngike ngizibuze ukuthi :zikhona izinto kimi engingazinikezela kuNkulunkulu zenze ngifumane ubukhona namandla Akhe? Ngabe ngimlambele uNkulunkulu kakhulu? Ngezwa owesifazane ebuza lombuzo: ngingaba kanjani owesifazane kaNkulunkulu? Ngamphendula ngokuthi ukuze ube owesifazane onoNkulunkulu, udinga uNkulunkulu omningi.

Sidinga ubukhona bakhe namandla akhe ezimpilweni zethu. Asilambele somele ukulunga, lokho kutholakala ngobudlelwano noJesu. Uma silambele ubudlelwano obujulile, siyagcwaliswa , saneliswe.

Umbuzo uthi: ngabe umlambele uNkulunkulu? Ngabe ulambe ngokwanele ukubalekela kuNkulunkulu ukhale kuye ngoba uyisixazululo sakho sokomoya nesokuphilisa?

Ngilangazelele ukomela ngilambele okomoya nsuku zonke. Ngethemba ukuthi nawe wenzenjalo. Umkhuleko wethu kulenyanga asigqugquzele abanye ukuba bomele ubudlelwano noNkulunkulu ngeNkosi yethu uJesu Krestu!

Kuye izinhliziyo zethu ziyathokoza,

Peggy Banks
Umqondisi Jikelele
Kumsebenzi kaHana